# 9. IPhasika

Unyaka — izinyanga eziyishumi nambili — ungathi konke bekwenzeka izolo nje. Uhlezi lapha nje ubona imibono, uzwa izwi limemeza: "Velaphi! Velaphi!" Ha, nakhu esebona laphaya emagagasini eza umngani wakhe. Uyagwedla, uza ngokukhathala, uza ngasogwini. Negagasi liyamsiza ukuba eze. Uyeza, uyeza.

Kwakuyilo lelilanga ngonyaka odlule. Nokuhwaqabala nje kufana nalo loloLwesihlanu. Phela laphuma alavela kahle emafini. Abakholwayo babona isithunzi esinye esikhombisa ukuthi ngempela yilanga okukhunjulwa ngalo ukufa kweNdodana yesintu.

Seziqalile ezindaweni eziningi izinkonzo. Kwezinye izindawo zilokhu ziqale kusihlwa ngoLwesine. Nokho abalapha kwaKhathi bazobe besonta khona esontweni langasekhaya. NguKholiwe nje ozoke ahambe. Sekuyisikhathi abatshela abazali bakhe ukuthi ngayo yonke impelasonto yePhasika uzobe ekumngani wakhe, uLucy, eThekwini. Yilapho azobe ekhona ngenkathi yezinkonzo ezinkulu. Nabo-ke abazali bebengeke benqaba ngoba phela bakhonza sontweni linye nabantu bakwaLucy. Kuhle-ke nendodakazi yabo ibone izindawo ezinye, uma nje izobe ihambela umsebenzi wesonto, kungezukusho ukuthi ishaywa ngumoya nje njengoba benza abanye ontangayabo. Bona kuthi ngezikhathi kukhunjulwa ubunzima beNkosi, babe bethilileka, benza konke okungafanele. Nokho-ke lapha ekhaya yangena imbewu yenkolo. Selokhu aqala ukubonabona uKholiwe uzazisa kabi izinsuku zePhasika.

"Mtshele phela uKholiwe ukuthi akazame ukusheshisa. Uma engase ashiywe yisitimela sasekuseni esiya eThekwini, angase angakwazi ukufica inkonzo yasemini lena athena uzoya kuyona." Kusho uKhathi, umdududla wendoda lapha othi uma uyibheka ubuso bayo lobu ukhangwe ngukwenama.



Kwaphendula umkayo, uMaDonda: "Cha, Baba, bengithi useqedile ukulungisa. Into nje ebesafuna ukucindezela ingubo lena yeSonto azoyifaka namhlanje, ngoba isuke yabekeka kabi." Yasho lenkosikazi emfushanyana yaphuma yabheka ekamelweni akulona uKholiwe.

Imfica useyazigoqa izingubo eziyinyufomu yamantombazana asontayo. Nayo phela intsha. Ithengwe ngalo isonto eledlule leli. Ithengwe nguye uKhathi waze wathi: "Phela uma ingane iya kontangayabo kumele nayo ithi ukubukeka. Akusho ukuthi kuthi ngoba abantu besesontweni bese befaka amagxaba odwa.

"Sengiyaqeda manje manje Mama." NguKholiwe lowo. Usubona ukujuluka nje ukuthi uyasebenza lomntwana. Inhle lengane bo, kulapho isisekugcwaleni impela ebuntombini. Yindoni yamanzi ewugamfu lapha bo. Ihamba igqishazele intokazi kaKhathi madoda.

"Sesesaba phela ukuthi kungenzeka usale esitimeleni uma unganakile, kanti ziyindlala."

"Awubheke nje, sengiyalivala manje ibhokisi." Abambelele edanda ukukhombisa unina ukuthi ngempela useqedile ukusebenza.

Bese bethi ukubhekisana nonina ngoba uKholiwe usuke walungisa ingutshana nje engatheni wathi uzohamba ngayo esitimeleni.

"Bazothini bona abantu esitimeleni uma uzohamba ugqoke lengubo Kholiwe zizininingi kangaka izingubo zakho mntanami?"

"Phela akusikhona ukuvakasha lokhu Mama. Ngiya esontweni. Mina angiboni ukuthi kuyasiza ukuba ngihlobe ngihlobe sengathi ngiya emicimbini yemibungazo kanti eqinisweni yisikhathi senzilo lesi, lapho kungafanele ukuba kube khona ukuzinaka okutheni."

"Waze wakhuluma-ke." Amangale uMaDonda uma ingane

ikhuluma kanje ingaka. Isiyazi izinto ezicashela abaningi abadala, nabalandeli benkolo abavuthiwe.

"Emva kwesikhashana nje, nanguya esephuma ngesango uKholiwe, elengise ipotimende lakhe. Aphakamise isandla evalelisa kubazali bakhe, nasezinganeni zakwabo.

"Sisenenhlanhla thina Baba. Izingane zanamuhla ngumsebenzi ukuzisunduzela enkonzweni."

"Kunjalo Donda. Ha, bayozizwela nakhona eThekwini ezimvuselelweni isifakaza ingane yami. Pho ikhuluma uzizwele nje ukuthi lento eyikhulumayo iphuma ngaphakathi kuyona."

"Sesethemba ukuthi nalaba abasakhulayo bazothola isibonelo esihle kudadewabo, nabo bazithibe, bakhulele endleleni."

Wanele wasithela laphaya uKholiwe, uKhathi noMaDonda babuyela endlini. Nabo sekumele balungisele kusemanje ukuya enkonzweni enkulu yasemini.

Usengene esitimeleni uKholiwe. Umbona ebheke phansi ethule. Uyambona usedonsa umoya okomuntu owethukile.

Sesithi uma sifika kwesinye isiteshi isitimela, kungene amakholwa okubonakala ngezingubo zawo ezimhlophe ezinokuluhlaza ukuthi ngabaseZiyoni. Kukhona oshaya isigubhu. Kuphikelelwe enkonzweni endaweni ethile. Bangena bayahuba abazalwane laba. Kuthi lapho umsindo ulotha khona, kusukume intshebe yakwabo engaba ngumholi, iqale ukushumayela. Igqamisa khona ukuthi namhlanje usuku lokufa kweNkosi. ". . . Lolu usuku olunzima ngoba iNkosi yethu sikhumbula ilenga ebuhlungwini obubi . . . kodwa siyajabula ngoba yayilengela mina nawe ukuba sikhululwe ekoneni kwethu . . . Vuma-ke nawe manje ukuba uzinikele kuYona uthole intethelelo. Uma lapha esitimeleni inhliziyo yakho iselukhuni, unezifiso ezimbi, unezinjongo zobubi, unenkohliso, yazi ukuthi nguwena oyibethelayo iNkosi . . . noma ukulenga kwayo kuzolethela abanye intethelelo, kuwena ngeke kwenze lutho, uzosala ulindelwe yimbubhiso . . ."



Kwathi ngokuqina kwezwi lalendoda, isimemeza, ide ikhomba yonke indawo esitimeleni, akabe esancibilika nje uKholiwe. Lacu nepotimende lakhe. Usephuma kulenqola, uya kwenye. Hawu, waphumula emsindweni ongakaya.

Cha, kulendlu angena kuyona bathule abakhona. Kukhona nezinsizwana kulesiyasihlalo. Athi angangena abone amakhanda azo ebheka ngakuye. Bese ethi ukuziba. Uma ethi ukuphakamisa amehlo abone ukuthi zithathekile lezizinsizwa. Hhayi, bese ezibhekela le phandle, enokuqhoshana ngaphakathi.

Kuthi uma esebona ukuthi sesibheke ngaseThekwini isitimela, acabange ukufaka okungcono manje, hhayi lokhu aphume ekufakile ekhaya. Athathe ibhokisi lakhe aye endlini yangasese. Azivalele phakathi.

Afike azikhiphe zonke izingubo ezingaphezulu. Akhiphe nezincwadi zokusonta, iBhayibheli nencwadi yezihlabelelo. Aze afinyelele kulokhu asefuna ukukugqoka manje. Alikhiphe ibhulukwe lakhe elide elimpunga. Lumuthi heqe kancane uvalo. Uyakhumbula ukuthi lezi yizingubo abangazibonanga abazali bakhe. Wazithengela eyedwa wazifihla ekwazini kwakhe. Yilona-ke lolu usuku lokuzishaya. Asho akhumule abekufakile. Athi ukuzimonyonga kancane, afake namakha akhona. Agqoke aqede, athi ukuthula. Uyacabanga ukuthi konje abazali bakhe bangathini uma bengena lapha manje bambone esefake lamabhulukwe esimanje kanti abawafuni nakuwabona. "Suka lapha, ngiyingane yini?" Eziphendula ngombuzo, ephuma ephindela esihlalweni sakhe.

Kuthe uma ehlala phansi, izinsizwana lezi ebezilaphaya zishaye amakhwela, azothe. Uthe ethuka enye yabe isilapha eduzane isizidlisa satshanyana isho ukumfanisa nokumxoxisa ngesimo sezulu esingesihle namhlanje. Hhayi, naye athande ukuncibilika. Kusho

ukuthi kanti uyabukeka uma esenje. Kulapho-ke nesitimela sesizofika eThekwini.

Kwaba ngenkulu injabulo betholana noLucy umngani wakhe.

"Hheyi, K.K. usunjena kanti! Bengingeke ngikubone uma bengihlangana nawe endleleni."

"Uganga ngami wena Lucy . . ."

"Hheyi, usushaya ezesimanjemanje ngempela. Mfana na! Hhu! Wangethusa K.K." Amangale uLucy, ade emthatha phansi embeka phezulu umngani wakhe.

"Kuyabukeka kodwa Lucy?" ebuza ngamahlonyana.

"Wena ayikho into engeke yakufanela. Awuve unomzimba omuhle dade. Okwethu nje, kuthi noma sesithi sifake izinto zemali sibe yizinkalankala nje."

Baqhumuke bahleke. Bathathe izimpahla bahambisane beya endlini yokulindela.

"Uyazi K.K. ukuthi ngangingenalo neze ithemba lokuthi bayokuvumela abazali bakho ukuba uzongivakashela."

"Awazi wena. Phela bebengeke bavume. Nami ngize ngazisiza ngokubabamba ngengqondo ngithi ungimemele ukuba siye nawe ezinkonzweni zePhasika."

"Kahle wena Kholiwe!"

"Kodwa bengizomisa kanjani Lucy? Uma bengibatshele iqiniso ukuthi ngiyazivakashela nje, ubengeke avume ubaba."

"Hhu, angisazi-ke manje. Kodwa-ke kuzodingeka ukuba nakanjani ngeSonto okungenani sithi qu esontweni, senzele ukuba kube khona into oyofike uyixoxe ekhaya ngezinkonzo zakithi."



Bahambe bafike babeke izimpahla endlini yokulindela. Seziyakhala manje izinsimbi le emasontweni. Sekuyisikhathi sokungena kwezinkonzo. Uma bephakamisa amehlo bebheka le emgwaqeni, babone bephambana abantu abaphikelele ezinkonzweni. Bafake izingubo ezehlukene zamasonto abo. Akhumbule abazali bakhe ukuthi nabo manje sebeyaphuma ekhaya sebebheke khona esontweni. Ha, nansiya intombazana emfishanyana efake ingubo yesonto anayo noKholiwe. Eyakhe isingaphansi manje ebhokisini. Lumuthi thwansu futhi uvalo. "Hhayi, kodwa phela nami kumele ngikhule, ngibone umhlaba," esho ngaphakathi.

Esalokhu ecabanga, umqondo ubuyiswe nguLucy: "Phela bayeza oVelaphi." Ethuke ngokunye uKholiwe, kodwa angakhulumi. Kubonakale ubugubhagubha besifuba nje ukuthi ngethukile lapha. Babukane emehlweni noLucy. Aqhube uLucy: "Futhi awazi ukuthi uVelaphi usangene kangakanani ngawe. Ingane yakwethu ungathi izohlanya. Angazi nje ukuthi uzohlanya kuphi esekubona ngoba ngisola ukuthi wayelokhu ecabanga ukuthi wena usenesidala, isimanjemanje asikakungeni. Uma esebona unje!"

Abe namanye amahlonyana uKholiwe. Bese esho uLucy ukuthi uVelaphi uzofika noBen, ozwana noLucy. Yena uLucy akaqondi kahle ukuthi ngabe kuzovakashelwaphi, kodwa ngase kwenzeke baze bafike olwandle bayobhukuda khona.

"Angithi ukuphathile okokubhukuda?"

"Ngikuphathile. Angazi-ke ukuthi kuzongifanela yini. Asazi-ke ngoba nakubhukuda olwandle angikwazi. Ngisazofundiswa. Ngiyabona nje ukuthi mhlawumbe noVelaphi uzoze acasuke uma ziziningi kangaka izinto engingazazi mina. Uzosuke abone nje ukuthi nanso phela impatha."

"Ungesabi wena. Yikhona lokho akuthandela khona uVelaphi. Uyazi ukuthi okuningi uzozifundisela yena. Wayevele esho ukuthi akabathandi oklebe laba asebendiza phandle lapha. Kodwa phela

wena uzovele uzame ukukhuleka nje. Ube nomusa, uzenze umuntu ongaxwaye lutho. Ngisho ukuthi ungabi lukhuni, ungabi ngumthothongo ngoba bangasuke kokunye bacasuke. Kodwa phela ngiyazi ukuthi wena uhlakaniphile, awuzukugodola."

"Angizukukuphoxa neze wena Lucy, ungesabi."

Bese bede bezixoxela ezinye ngokunye abangase bakwenze ngalempelasonto. Bade belunguza bebheka ukuthi ngabe akuqhamuki bantu yini abanjengoVelaphi. Bebeshilo kodwa ukuthi bangase bathi ukulibala. Baze basukume lapha oLucy uma sekusondela esikhathini abangafika ngaso oBen. Baphumele emgwaqeni bayoma ngakhona. Bagqolozele isikhathi. Kuthi sebeqala ukuphatheka kabi, thushu izinsizwa ezimbili. Zilengise izikhwanyana nje eziqumbile.

"Ngenzenjani uma befika lapha Lucy?" kubuza uKholiwe selubhoka ngokunye uvalo.

"Ungakhombisi kwethuka. Futhi ungalokhu ukhophoza ngoba yinto yasemaphandleni leyo. Vele ubabheke emehlweni nje, umonyozele. Okunye uyobona sekuzifikela nje. Ungesabi wena, bobabili ngabantu abaxoxayo, uyozizwa usukhululekile nje."

Bafike oVelaphi. Kuthi uma kuthi akakhophoze uKholiwe ngenxa yamahloni, akhumbule isiyalo. Aziqinise. Afike uVelaphi aphelelwe ngamazwi. Kuze kube nguBen obingelelayo. Aze asho uVelaphi ukuthi ubona esemuhle ngokunye nje uKholiwe. Babuzane impilo, kube njeya. Izinsizwa-ke seziyasho ukuthi kuzokwenziwani namhlanje. Okubalulekile ukuthi bazochitha isikhathi esiningana besebhishi. Noma lona lingelihle nje kangako izulu, akusikhona ukuthi kumakhaza. Sekuyothi-ke ntambama baye eClermont lapho bekhona oLucy. UKholiwe uyofikela khona njengomngani kaLucy nje.

Hhayi-ke kuhanjiwe kancane sekubhekwe ngasolwandle. Sebehamba ngababili. OLucy bathena akuhambe bona phambili ukuze



laba abanye balandele ngemuva bathokozele imfudumalo yokuqala bendawonye ngokuzwana. Kuke kufike amahlonyana nawokuxoxa kuKholiwe, bese ezama nokho esekhumbula ukuthi utheni uLucy. Bathena beyofika olwandle nezulu lathanda ukuwaphenya amafu lana abemabi ekuseni.

Baningi abantu abakulendawo. Babodwa abazihlalele phansi kwemithunzi, babodwa abazihlalele esihlabathini, kanti abanye bayabhukuda, bade bexoshana ngasemanzini. Iningi labo kodwa uyazibonela nje ukuthi kuyezwiwana. Bona abasaboni muntu lapha ngaphandle kwabo bobabili. NoKholiwe ezwe uphakama umphefumulo wakhe uma ekulendawo. Kanti yikho lokhu abasuke bekusho abantu uma bethi ukuzwana nomuntu yinto eyisimanga! Awubheke nje, nalezizihlahla ezingasolwandle zinhle ngokunye namhlanje. Ha, nezinyoni ezimhlophe lezi ezindiza phezu kolwandle, zinhle ngokunye. Nansiya enye yehlela phezu kwamanzi, ifike idlaladlala khona ibuye isuka. Nalo ulwandle luhle ngokunye. Luthule le phambili, lunesithunzi sokwesabeka, kodwa lapha ngasogwini luthokozile, luyagxumagxuma — luyabona ukuthi kukhona izithandani ezintsha.

Athi esathathekile, oBen bavule izikhwama. Kukhona okuncane okudliwayo, namabhodlela otshwala. Lubuye lumshaye uvalo uKholiwe esecabanga ukuthi angase anikezwe utshwala ukuba aphuze kanti yinto engangeni nasekhaya kubo. Ithi du du inhliziyo. Izinsizwa zibuvule zikhiphe nezingilazana zakhona. NguBen lona obonakala ezazi kahle izindaba zokudla lokhu.

"Ufika kangakanani kulezi wena Kholiwe?" kubuza uBen.

"Hhayi, mina, e, angifiki bandla . . ." Konje uzobe useyaphoxa yini uma ebenqaba sampela utshwala obushisayo lobu? Abheke kuLucy, ubuso bukaLucy abubone buthi ukuhwaqa, bese eqhuba uKholiwe: ". . . kodwa ngingaqhabula nje." Athi nhla kuVelaphi, abone obakhe ubuso buswaca sengathi akayithandi impendulo ayizwayo. Adideke manje uKholiwe ezwe kumfoma obandayo umjuluko.

Usebuthelile ezingilazini utshwala uBen. Useyabanika njalo. Bathi ukuthintanisa izingilazi, athele umuthi enkomeni uBen, laba abathathu bade bethinta kancane. KuKholiwe khona kunzima. Iyambabela lento. Akufihle ukuhlina, agwinye. Kushise emphinjeni. Baze baqeda.

Kuyancokolwa. Kumnandi. Kwedlule isikhashana babuye bathi phohlo futhi, baphuzaphuze. Kulokhu kusho kuKholiwe ukuthi akenqabe, kodwa abuye athi kokunye akuzukumenza lutho lokhu, ngcono angaphoxi. Uthe uma esethi ufuna ukumthelela futhi uBen, kwabhoka uVelaphi manje: "Kahle Ben, ufuna ukudakisa umakoti wami wena ngiyakubona." Usho nje liyezwakala izwi lakhe ukuthi liyaveva. Kumlethele amanye amahloni lokhu uKholiwe. Abheke kuLucy angafundi lutho ebusweni bakhe.

Kwathanda ukuwudunga kancane umoya lokhukuphawula kukaVelaphi. Azame ukuthela amanzi uLucy. Ngenhlanhla kube khona okubathikamezayo. Kukhona iqembu lamakholwa elifika khona lapha ngasogwini. Lihambe lishumayeza abantu. Liyahlabelela libakhumbuza ukuthi lolusuku lunjani. Umshumayeli wakhona uvele aqonde nje ngqo abatshele ukuthi lolu akusilona usuku lokushaywa ngumoya nokwenza inkohlakalo, lusuku lokulila. Bonke labo abangaboni sidingo sokulila namhlanje balahliwe, ngaphandle kokuba manje nje bavume ukuthi indlela abahamba ngayo iyanhlanhlatha.

Ngomsindo osubelesele lapha, baze basuke oLucy, bathi ngcono baye olwandle ingaze kuhambe kakhulu ilanga bangabe besazifeza ezinye izindlela.

Basuke lapho baye ezindlini okugqokelwa kuzo. ULucy ayongena kwenye indlwana noKholiwe. Sebephakathi, uKholiwe abuze ukuthi akakaphoxi ngalutho yini. Atuse kakhulu uLucy, agcine ngokuphonsa elokuthi: "Nguye uBen lona nje engisola ukuthi usefuna ukudala ingxabano. Sengiyamsola manje. Angazi ukuthi yini anake wena kangaka. Uvusa isikhwele." Ahleke uLucy.



Banele bazifake izingubo zabo zokubhukuda, amangale ngokunye futhi uLucy esebona uKholiwe efanelwa yilokhu asekufakile. Isiyinhle ingane kaKhathi madoda, ibanga umunyu. "Khululeka njeke K.K. Wena uthanda ukukhombisa ukuthi awuzejwayele lezizingubo. Shaya sengathi ugqoke uphelele nje, ungabi namahloni. Mina nginalomzimba wakho suka, ungangibona kahle," asho atshikize uLucy. NoKholiwe alinganise ukuthi uzoshaya kanjani ngesibindi uma sebephumele phandle.

Laphaya endlwaneni abakuyo oBen, uVelaphi unokudangala kancane ebusweni. "Hawu, bengingazi ukuthi kanti uKholiwe uyaphuza. Sengize ngikhuza nje ngoba ngibona ephikelela. Sengesaba ukuthi siyothi sifika ekhaya abe esengumlotha, bangamthandi."

"Mhlawumbe ubenza nje ukuze angasiphoxi."

"Ukhona umuntu ongehlukana nobuyena ngoba ethi akafuni ukuphoxa abantu? Bheka nje ngoba kwamina yinto engingayifuni, ngisho ukuthinta nje lokhu kokuba nesibindi . . ."

"Hhayi, khohlwa yilokho wena, asiphume siyobhukuda."

Bathe uma bephuma bafica sebelindele ngaphandle oLucy. Abonakala amehlo ezinsizwa ukuthi athanda ukunamathela kuKholiwe. Akukuma kwamuntu lokhu! Babambane ngezandla bagijime baphikelele olwandle.

Bagijima nje uKholiwe ude eqalaza, unovadlwana nje lokuthi kungenzeka kube khona umuntu wangasekhaya. Uzothini embona ekulesisimo? Akhumbule abazali bakhe. . . . akhumbule usuku . . . azame ukukukhohlwa lokhu agijimele olwandle.

Nalababantu abedlula ngakubo oVelaphi, bayaphenduka babheke ngakuKholiwe. "Uyabona ukuthi babheka wena Kholiwe?" kubuza uVelaphi ngokuqhosha.

Amamatheke abheke phambili uKholiwe. Konke kuhamba kahle kanti, noVelaphi uyajabula. Ngakho-ke akumele abe namahloni.

Banele bazifake izingubo zabo zokubhukuda, amangale ngokunye futhi uLucy esebona uKholiwe efanelwa yilokhu asekufakile. Isiyinhle ingane kaKhathi madoda, ibanga umunyu. "Khululeka njeke K.K. Wena uthanda ukukhombisa ukuthi awuzejwayele lezizingubo. Shaya sengathi ugqoke uphelele nje, ungabi namahloni. Mina nginalomzimba wakho suka, ungangibona kahle," asho atshikize uLucy. NoKholiwe alinganise ukuthi uzoshaya kanjani ngesibindi uma sebephumele phandle.

Laphaya endlwaneni abakuyo oBen, uVelaphi unokudangala kancane ebusweni. "Hawu, bengingazi ukuthi kanti uKholiwe uyaphuza. Sengize ngikhuza nje ngoba ngibona ephikelela. Sengesaba ukuthi siyothi sifika ekhaya abe esengumlotha, bangamthandi."

"Mhlawumbe ubenza nje ukuze angasiphoxi."

"Ukhona umuntu ongehlukana nobuyena ngoba ethi akafuni ukuphoxa abantu? Bheka nje ngoba kwamina yinto engingayifuni, ngisho ukuthinta nje lokhu kokuba nesibindi . . ."

"Hhayi, khohlwa yilokho wena, asiphume siyobhukuda."

Bathe uma bephuma bafica sebelindele ngaphandle oLucy. Abonakala amehlo ezinsizwa ukuthi athanda ukunamathela kuKholiwe. Akukuma kwamuntu lokhu! Babambane ngezandla bagijime baphikelele olwandle.

Bagijima nje uKholiwe ude eqalaza, unovadlwana nje lokuthi kungenzeka kube khona umuntu wangasekhaya. Uzothini embona ekulesisimo? Akhumbule abazali bakhe. . . . akhumbule usuku . . . azame ukukukhohlwa lokhu agijimele olwandle.

Nalababantu abedlula ngakubo oVelaphi, bayaphenduka babheke ngakuKholiwe. "Uyabona ukuthi babheka wena Kholiwe?" kubuza uVelaphi ngokuqhosha.

Amamatheke abheke phambili uKholiwe. Konke kuhamba kahle kanti, noVelaphi uyajabula. Ngakho-ke akumele abe namahloni.



"Uzongifundisa-ke Velaphi ngoba angilwejwayele ulwandle." Usho lokhu nje uKholiwe nampaya oLucy sebephakathi. Ngesikhulu isineke uVelaphi amfundise, amcathulise uKholiwe ngokubhekana namagagasi olwandle, ukushaya idadamu ngendlela elula, nokugwemela igagasi eliza ngamandla.

Saqhubeka isikhathi.

Manje sebeqala ukungenela phakathi olwandle. NoKholiwe usebonakala ukukhululeka okunye. Uyajabula uVelaphi ukubona ukuthi ushesha kangaka ukufunda uKholiwe.

Saqhubeka isikhathi.

Manje usethena uKholiwe akayekwe akazibhukudele yedwa nje akhombise ukuthi usefunde kangakanani. Ajabule uVelaphi ukubona ukuthi kanti unesibindi uKholiwe lona.

Bathe benganakile nje, babona uKholiwe esebhukuda engena phakathi olwandle, ede ewashaya ngesibindi amanzi. Kuthi uma kuza igagasi elikhulu athi ukugwinja, leqe ngaphezulu, aqhubeke.

Amemeze manje uVelaphi ngoba engasasithandi lesisibindi sikaKholiwe. NoBen bathi ukuma, bamangale ukubona ukuthi kanti uKholiwe useyinhlambi zibekwa nje.

Amemeze futhi uVelaphi. Kube sengathi uthi akaqhubekele phambili uKholiwe. Kuyabonakala kodwa ukuthi usethanda ukukhathala. Hhayi, uVelaphi asole ukuthi ngeke akwazi ukubhukuda aze afike ogwini uKholiwe. Mhlawumbe yena uqhubeka nje akaboni ukuthi usengene kangakanani olwandle. Bese ephonseka phakathi uVelaphi aphikelele kuKholiwe. Awashaye ngamandla amanzi. Nanguya uKholiwe kusengathi akasaqhubeki manje. Nanguya esephenduka. Aqhubeke uVelaphi. Kuze igagasi. Aligwinjele. Kuze elinye. Aligwinjele. Nanguya uKholiwe. Kuze elinye igagasi. Aligwinjele. Kuthi lapho ephuma kulo ephakamisa ikhanda, abone kuthe nje cwe phambi kwakhe. Akasabonakali

uKholiwe. Mhlawumbe amehlo akhe nje axhoshiwe. Aphikele phakathi nolwandle. Aqaphelisise. Angaboni lutho. Aqhubeke. Aqhubeke. Acwebe nje amanzi phambi kwakhe.

Uthena uma ethi jeqe ngemuva, wabona uBen naye eza ngomjaho. Lwamshaya lwamjuqa uvalo uVelaphi. Wezwa ephelelwa ngamandla. Waphelelwa yisu. Inkwantshu wayizwa imbamba. Wavele wabona ukuthi uyaminza manje. Ngenhlanhla wezwa isandla sikaBen simbamba simphakamisa. UBen usezama ukuhudulela umngani wakhe ngasogwini. Ithi uma iphela inkwantshu, azame ukuphunyula uVelaphi. Usafuna ukulandela uKholiwe. Athi futhi uma ebheka olwandle, luvele lucwebe. Akazi nakuthi khona uma ephikelela eyobheka uzobhekaphi manje amanzi esefana nje. Nokho usafuna ukuphikelela. Bayabambana manje.

Kuthe uma besalokhu bebambana, uVelaphi engakadeli, babona sekuza izinsizwa lezi ezisiza asebethola ubunzima. Ezinye zizokhipha oVelaphi. Zedlule ezinye ziphikelele lapho kunyamalale khona uKholiwe. UVelaphi walahlekelwa umqondo kusona isididi sasemanzini.

Uthe ephaphama, wabona izinhlambi zibhukuda ziza ogwini. Avule amehlo. Sengathi kusenentuthu emehlweni akhe. Abhekisise efuna ukubona ukuthi ziza nani. Azizi nalutho.

Inhlambi yokuqala ifike ithi nje: "Asimtholi." Lelo libe yinhlamvu yesibhamu.

Sekuhlatshwe umkhosi ukuba kuze abakwazi ukutshuza ngaphansi kwamanzi ukuba kebazame nabo. Ithemba lisavutha amalangabi kuVelaphi lokuthi uzotholakala uKholiwe, kwenziwe izaba, aphile.

ULucy uyasikhihla isililo. Abasemqondweni wakhe kakhulu ngabakwaKhathi. Nokho naye usenethemba.



Bangena abatshuzi. Kuthi nya, nya, avele omunye. Bayanyamalala bavele. Kwayisikhathi eside. Kwalapho nalo ulwandle seluqala ngolaka manje. Sekuqala nomoyana onamandla. Sekuzoba nzima konke okwenziwayo. Nokho basade bephikelela, behlwaya.

Asikacishi isibani sethemba koVelaphi. Amehlo abo agqolozele olwandle.

*

Konke lokhu kungathi kwenzeke izolo kuVelaphi. Yikho nje nezwi elizwa lichachile limbiza lithi: "Velaphi! Velaphi! Velaphi!' 'Ulhezi ngasogwini lolwandle — yedwa. Uma ezwa lelizwi usuke abone umuntu wesifazane eza egwedla, ede ememeza. Kufika igagasi limsunduzele nganeno ngasogwini. Uma esukuma uVelaphi ehlangabeza umngani wakhe, ubuye abone sekunyamalele konke, sekusele ulwandle kuphela, lugubha amagagasi alo.